


# Nkanyezi


Sanibonani bangani!
Igama lami ngingu Sea Star.



Abantu abaningi bangibiza ngo Star Fish kanti mina angiwona ufish ngiyi Nkanyezi yasolwandle!



Ngiyajabula uma bengibiza ngo Sea Star.



Yize noma ngihlala ngaphansi kolwandle ukufakazela ukuthi angiwona ufishi anginawo amagills,izimpephelezi (scales), izigwendlo (fins) njengofishi



Ngisho indlela enginyakaza ngayo ayifani nendlela ufish onyakaza ngayo mina ngizinyakazela kancane ngezinyawo zami ezincane ezingaphansi kwezingalo.



Thina siyizilwane ezinhle zasolwandle, sinemibala emihle ehlukahlukene ezami izinyawo zinhlanu kanti ozakwethu abanye banezinyawo eziningi ezingafika kumashumi amane noma amahlanu.



Ama Sea Star izinkanyezi zasolwandle izilwane ezingenawo amathambo kuthiwa ngesilungu invertebrate.




Sihamba kancane mina nabazala bami.

Thina siphila isikhathi esingaphezu kweminyaka engamashumi amathathu nanhlanu.

# Uthi benazi ukuthi nami nginazo izihlobo njengani?

Niyasazi isikhukhukhu (sea urchin) no khukhumba wasolwandle (sea cucumber).








Kungenzeka uke wabona amagobolodo eurchin wasolwandle olwandle. Abantu bawabiza 'ngamathanga olwandle'.

ikhukhumba lolwandle lifana njenge khukhumba eluhlaza.






Labo abazala bami nabo bangama invertebrate okusho abanayo amathambo njengami.

Abazala bami abahle engibathandayo.

Mina nabazala bami singahlukaniseka kahlanu emzimbeni yethu.




Inkanyezi yasolwandle (Sea star)




isikhukhukhu (Sea urchin)





ukhukhumba wasolwandle (Sea cucumber)



Ngidla izimbaza neminenke. Ngiphushela isisu sami ngaphandle uma ngidla bese ngisidonsela ngaphakathi uma sengiqedile. Akunimangazi yini lokho!






iSikhukhukhu (sea urchin) sinomlomo ongaphansi uma sinyakaza sidonsa ukudla kwaso.



Kanti ukhukhumba wasolwandle (sea cucumber) udla imfucuza etholakala esihlabathini solwandle. ngokwenzenjalo ukhuculula ukungcola kwesihlabathi solwandle.



Mina bangani bami anginalo igazi emzimbeni wami kodwa nginamanzi osolwandle.




Uma uhlola amachibi osebeni lolwandle nomakanjani uzongithola mina nabanye abangane bami. Ukhumbule ukusishiya emakhaya ethu. Sonke siyingxenye yokuphila olwandle.

Njengoba senazi kabanzi ngathi nangendawo esihlala kuyo kubalulekile ukuqikelela indlela enilahla ngayo udoti wenu, ngoba uphelela olwandle bese izilwane eziningi ziwudla zizitshela ukuthi ukudla bese ziyafa. Akube iculo lansukuzonke leli bangani Reduce, Reuse and Recycle!









Written by Emma Chiliza

Designed by Colette Bodenstaff

